KWASIZABANTU MINISTERS' CONFERENCE



Private Bag 252 KwaSizabantu 3285 RSA Tel: 032 481 5500 Fax: 032 481 5510
www.kwasizabantu.com/Ministers_conference/conf.htm - ministersconference@kwasizabantu.com

Isimemo seNgqungquthela yabeFundisi 7 – 9 Mashi 2011

Njengokusho KwemiBhalo

"Okholwa yiMi, njengokusho komBhalo,
esiswini sakhe kuyakugobhoza imifula yamanzi aphilayo."
(Johane 7:38)

Sihlobo esithandekayo eNkosini

Sithanda ukukumema ukuba ufike eNgqungqutheleni yabeFundisi ezoba **ziyisi-7-–9 kuMashi 2011.** Le Ngqungquthela izokuba seNingizimu Afrika, eMishini KwaSizabantu, uma iNkosi ivuma. Siyoqala ngoMsombuluko ebusuku siphethe ngoLwesithathu ebusuku. Sikumema njengenceku kaNkulunkulu nowakwakho kanye nabanye abasemsebenzini weNkosi.

Ingqikithi ***"Njengokusho KwemiBhalo"*** isiphosela inselelo thina njengebandla likaKristu emhlabeni wonke jikelele, ukuba sibuyele ezifundisweni zeNkosi njengokusho kweZwi laYo. Sengathi impendulo kaJesu ebhekiswe kwabanye abashumayeli besikhathi saKhe ingebe yiqiniso kithina: *"Nidukile ningayazi imiBhalo namandla kaNkulunkulu"* (Mathewu 22:29).

IZIKHULUMI:

Ezinye zezikhulumi esezisemukelile isimemo sokuba yingxenye yeNgqungquthela yilezi:-

u-Dk. Michael **AVERY**	*UMongameli wesikole nekolishi elifundisa ngeZwi likaNkulunkulu, eMelika.*
u-Brig.Gen. Charlie **DUKE**	*NASA astronaut (ohamba emkhathini); Waba ngoweshumi ukubeka unyawo enyangeni.*
uMfu. Ernest **MCAMBI**	*Umqondisi woMnyango wesiZulu kwi-Trans World Radio; Umfundisi wase-Durban Central Baptist Church; UMongameli we-Baptist Union KwaZulu-Natal.*
uMfu. Errol **NAIDOO**	*UMsunguli noMongameli we-Family Policy Institute*

uMbhishobhi Frank **RETIEF**	*UMbhishobhi wasebandleni laseNgilandi eNingizimu Afrika; umbhali; umchazi weBhayibheli; isikhulumi sezingqungquthela esaziwayo emazweni angaphandle.*
uPholofesa Koos **VAN ROOY**	*UPholofesa osethathe umhlalaphansi, ebandleni lamaBhunu; uyisithunywa seVangeli (imishinari) aphinde ahumushe neBhayibheli.*
u-Dk. A.D. **VILAKAZI**	*International Ministry for Christ.*

Eminye imininingwane ngeNgqungquthela nezikhulumi izotholakala kwi-website.

Siyothokoza ukusheshe sithole impendulo; kungaba ngocingo, ngesikhahlamezi noma nge-email. Sicela usinike uhlu lwamagama alabo abangathanda ukufika; usihlukanisele ukuthi bangaki abashadile (couples), abesilisa noma abesifazane. Ungabhalisa futhi kwi-website yethu ethi: www.kwasizabantu.com. Uma unemibuzo ungasebenzisa ikheli lethu le e-mail elithi: ministersconference@kwasizabantu.com.

Okuya ethunjini nendawo yokulala kuyotholakala mahhala; singacela nje ukuba niphathe okokulala uma kungenzeka. Abafika ngezindiza esikhumulweni samabhanoyi eThekwini sizobalanda siphinde sibahambise, nalabo abavela kude ngamabhasi sizobalanda e-Durban Station siphinde sibahambise futhi. Siyocela ukuba usinike isikhathi enidinga ukulandwa ngaso.

Sengathi uNkulunkulu angenza ukuthi le Ngqungquthela isiholele esiphethweni esilindelwe nguNkulunkulu ezikhonzini zaKhe, isikhombise impilo ekumele siyiphile ukuze sibe ngamathuluzi anomsebenzi omuhle esandleni saKhe esikhathini esiphila kusona.

Sesiyolindela impendulo.

Yimina isikhonzi seNkosi

uMfu. Erlo Stegen
Umqondisi weMishini yakwaSizabantu



PS. Uma esikhathini esizayo ungathanda ukuthola lezi zimemo nolunye ulwazi oluza kamuva nge-email, ungasithumelela i-email ekhelini lethu, echazayo ukuthi yiliphi ikheli elizobanjelwa yi-email ukuze singabe sisalisebenzisa, kunalokho sikuthumelele izimemo ngekheli le-email osithumelele lona. Ikheli le-email lethu: ministersconference@kwasizabantu.com